

Ugwayi ongekho emthethweni wenani lika R10-million udalulwe njengephepha lasendlini encane

Tshwane, 5 kuNcwaba 2021 – Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zoPhiko lweMali eNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) zishaqe ugwayi ongemthetho odalulwe njengephepha lasendlini encane wenani lika R10-million echwebeni laseDurban kule mpelasonto eyedlule.

Lokhu kubanjwa okwenzeke eDurban kulandela umsebenzi obuseCape Town ezinsukwini ezimbalwa ezedlule lapho okwashaqwa khona ugwayi ongemthetho wenani lika R6-million, okubeka inani lalabogwayi abashaqiwe ku-R16-million.

Ukubanjwa okwenzeke eDurban kwenzeka ngenxa yolwazi olwatholakala mayelana nesiqukathi esasingeniswe sivela ezweni langaseMpumalanga ye-Asia okwakuqukethwe yiso kwakudalulwe njengephepha lasendlini encane.

Ngenxa yezidubedube ezisanda kuqubuka KwaZulu Natal, umkhumbi wabambezeleka lapho owawumi khona ngaphandle isiqukathi leso saze sakhululwa mhla ziyi-16 kuNtulikazi 2021. Kodwa-ke, kuthe isiqukathi leso singahlolwa ohlelweni i-*Transnet system*, kwatholakala ukuthi siqukethe ugwayi ongemthetho, okungase kwenzeka nokuthi uwugwayi mbumbulu.

Masinya emva kwezibhelu, kwaba nokubambezeleka ohlelweni ngqangi lwe-*Transnet core systems*, okwaholela ekubambezelekeni okunye echwebeni. Njengoba ichweba libuya lisimama kancane kancane, isiqukathi sabe sesikhululwa mhla zingama-28 kuNtulikazi 2021

Emva kophenyo olunzima olukhathazayo mhla zingama-29 kuNtulikazi 2021, kwatholakala ukuthi umthwalo wathunyelwa endaweni egcina izimpahla ese-Old North Coast Road eGlen Anil. Mhla zingama-30 kuNtulikazi, iNkantolo kaMantshi yaseVerulam yakhipha incwadi egunyaza ukuseshwa kwendawo base abakwaSARS bekwazi ukungena emagecekeni.

Ngaphakathi endaweni egcina izimpahla kwakukhona amakesi amakhulu angama-950 ogwayi obizwa ngePacific 14mg (umkhiqizo ongemthetho) kanye namabhokisi angama-50 ephepha lasendlini encane.

Izimpahla zaboshwa zase ziyiswa endaweni yokugcina izimpahla i-SARS State Warehouse. Kuvulwe icala lobugebengu eMnyangweni wamaPhoyisa kanti uphenyo luyaqhubeka.

UKhomishana wakwaSARS uncome ukuzinikela kwezisebenzi zoMnyango wokuThelisa ngokuphikelela zingene endaweni yokugcina izimpahla phezu kwazo zonke izingqinamba.

“Izisebenzi zethu zoMnyango wokuThelisa ziyakuqonda ukubaluleka kokuvimbela izimpahla ezingemthetho, ezifana nogwayi ongemthetho, ekungeneni eNingizimu Afrika, ngoba zibulala imboni yakuleli futhi zinesandla ekulahlekeni kwemisebenzi.

“Izenzo zabo zifakazela ukuthi uSARS angeke akubekezelele ukungathobeli kwabakhokhintela noma kwabahwebi nokuthi uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abaphikisana nemithetho yezwe,” kwengeza uMnu Kieswetter.